Wireless Access Providers' Association UHlaka

Lokuziphatha

Uhlelo 4.1

Lwamukelwe eKapa (Online) mhla ka-2 Ephreli 2014

WAPA

OKUPHAKATHI

Izincazelo 3
1. Isingeniso 3
2. Izimiso eziyisisekelo soHlaka Lokuziphatha 4
3. Amalayisensi 4
4. Ama-Eriyeli Omsakazo 4
5. IZiza Eziphezulu nokufakwa kwemishini 4
6. Ukusetshenziswa Kweziteshi Ezingenamalayisensi 5
7. Abathengisi Bemishini 5
8. Ukuphepha 6
9. Ukuziphatha Ngokufanelekile Emsebenzini 6
10. IMigomo Evamile Yesivumelwano 6
11. Amazinga enkonzo 7
12. Ukulawulwa kwalokho okusakazwayo 7
13. Ukuvikelwa kwamakhasimende 7
14. Ukuvikelwa kwemininingwane eyimfihlo 8
15. Ukuvikelwa Kwamulungelo Okushicilela Nempahla Engaphatheki 8
16. Ukuvikeleka kwi-Spam 8
17. Ukuvikelwa kwezingane 8
18. Ubugebengu Base-Inthenethi 8
19. Inqubo Yezikhalazo Nokuqondiswa Kwezigwegwe 9
20. Ukuqashelwa Kokulandelwa Kwemithetho 9
21. Izimfuneko zemininingwane 10
22. Inqubo Yokususa Into Esakazwayo 10
23. Ukubuyekezwa nokuchitshiyelwa kwalolu Hlala Lokuziphatha 10
24. Izindaba Zokusebenza 11

Umlando Wezinhlelo 11
ISijobelelo A – INqubo Yokususa Into Esakazwayo 12

Izincazelo

Amagama alandelayo ayachazwa:

"**Ama-Eriyeli Omsakazo**" kusho imishini enako kokubili i-*transmitter* ne-*receiver* okuhlanganiswayo kusebenzise isekhethi eyodwa noma kube sendaweni eyodwa;

"**I-Amplifier**" kusho umshini wokukhulisa amandla esignali yomsakazo. Lokhu ukwenza ngokuthatha amandla kuyi-*power supply* nangokulawula lokho okuphumayo ukuze kulingane nesignali yalokho okungenayo kodwa ngamandla athe xaxa;

"**I-ECA**" kusho uMthetho Wezokuxhumana Nge-Elekthroniki, Ongunombolo 36 Ka-2005;

"**I-IRB**" kusho i-Industry Representative Body;

"**ILungu**" kusho ilungu leNhlangano;

"**INhlangano**" kusho i-Wireless Access Providers' Association;

"**ISikhalazo**" kusho iSikhalazo esifakwe ngaphansi kweNqubo YeNhlangano Ngezikhalazo Nokuqondiswa Kwezigwegwe;

"**ISiza Esiphezulu**" kusho isikhungo sezokuxhumana ngomsakazo esifinyelela kubantu abasezindaweni ezihlukahlukene;

"**I-Spam**" kusho inqwaba yama-imeyli angafuneki.

"**Iziphathimandla Zomthetho**" kusho noma yimuphi umnyango kahulumeni, iqembu noma umuntu osebenza kulowo mnyango, onamandla noma igunya lokuphenya ngokusemthethweni noma yikuphi ukuziphatha okwephula umthetho noma lokuphoqelela noma yimuphi umthetho, okuhlanganisa nomthetho ovamile;

"**IZiphathimandla**" kusho i-Communications Authority of South Africa (ICASA);

"**Ubugebengu Base-Inthanethi**" kusho noma yikuphi ukuziphatha ku-Inthanethi noma okuxhumene ne-Inthanethi noma ukusetshenziswa kwe-Inthanethi okubhekwa njengobugebengu ngokwemigomo yomthetho wobugebengu eNingizimu Afrika, okuhlanganisa noma yikuphi ukuziphatha okunesijeziso ngokwemigomo yeSahluko XIII SoMthetho We-ECT;

"**UMnikazi Wemininingwane**" kusho umuntu ngokwemvelo noma ngokomthetho lowo imininingwane yakhe noma yebhizinisi eyimfihlo ecelwe kuye, yaqoqwa, yasingathwa noma yalondolozwa;

"**UMthetho We-ECT**" kusho uMthetho Wezokuxhumana Namatransekshini E-Elekthroniki, Ongunombolo 25 Ka-2002;

1. Isethulo

1.1. UHlaka Lokuziphatha ENhlanganweni lubeka imiyalo yokusebenza nokuziphatha esebenza eMalungwini.

1.2. Naphezu kwalokhu okungenhla, ezinye izigaba zingase zibe nemingcele noma zingasebenzi ezimweni lapho inkonzo ehlinzekwe yiLungu noma iqophelo leLungu lisho ukuthi imigcele yesigaba inengqondo nokuthi iyezwakala ngemva kokubheka zonke izici ezibandakanyekayo.

2. Izimiso eziyisisekelo zoHlaka Lokuziphatha

2.1. Amalungu azowazisa futhi awuhloniphe umthetho nomyalo, kanye nezizathu ezibangele ukuba kube nalowo mthetho nalowo myalo.

2.2. Amalungu ayazibophezela ekusebenzeni ngokubambisana nokusebenza nabanye abazilandelayo lezi zimiso.

2.3. Amalungu azokwenza okungaphezu kwalokho okulindelekile futhi azolwela ukwenza ngezinga elincomekayo, enze ngokweqophelo eliphezulu kuyo yonke imisebenzi yebhizinisi.

3. Amalayisensi

3.1. Ngazo zonke izikhathi lapho kudingeka, amalungu kumele ahlale ephethe amalayisensi afanelekile noma isigunyazo sokungabi nalayisensi noma laziwe yi-ECA.

3.2. AmaLungu Asahlolwa (Probationary Members) kumele, lapho kudingeka, aveze ubufakazi bokuyicela noma bokuyibhalisela leyo layisensi noma isigunyazo sokungabi nalayisensi phakathi nezinyanga zekhalenda ezimbili kusukela amukelwe njengamaLungu asahlolwa.

4. Ama-Eriyeli Omsakazo

4.1. AmaLungu kumele asebenzise kuphela ama-Eriyeli Omsakazo ohlobo olugunyaziwe futhi kumele awasebenzise ngokwemiyalo egunyaziwe yalolo hlobo ekhishwe yiZiphathimandla.

4.2. Wonke ama-Eriyeli Omsakazo kumele afakwe izigqebhezana zohlobo lomshini olugunyaziwe.

4.3. AmaLungu kudingeka ukuba ama-Eriyeli Omsakazo ayithenge kubathengisi abahambisana nokugcwele nalolu Hlaka Lokuziphatha, ngokwezinga olusebenza ngalo kulabo bathengisi.

5. IZiza Eziphezulu nokufakwa kwemishini

5.1. Zonke iZiza Eziphezulu ezisetshenzwa ngamaLungu nokufakwa kwemishini okwenziwa ngamaLungu kumele ibe nebhodi elibonisa bha igama nemininingwane yokuxhumana yalelo Lungu kanye nemininingwane yokuxhumana neNhlangano futhi kumele kuboniswe uphawu lobulungu be-WAPA lapho nje iNhlangano isiligunyazile lelo bhodi.

5.2. AmaLungu ayosebenza ngokuvumelana nezimfuneko zeNhlangano zokusebenz Eziphezulu, ngokuvumelana nomthetho nemiyalo yalezo zimo.

5.3. Ukuze kuqinisekwe ukuthi imithetho iyalandelwa, amaLungu ayakuvumela ukuhlolwa kweZiza zawo Eziphezulu zihlolwa ngummeleli weNhlangano ngemva kokunikwa isaziso ezinsukwini zokusebenza ezingengaphansi kweziyishumi, esingeke sisebenze uma loko kuhlola kudingeka ngenxa yeSikhalazo.

5.4. IZiza Eziphezulu zamaLungu okuyodingeka ukuba zihlolwe nokuba zigunyazwe yiNhlangano zihlanganisa neZiza Eziphezulu ezisetshenziswa nanoma iziphi ezinye izinkampani, ngisho nezingewona amalungu.

5.5. ILungu kumele linike iNhlangano imininingwane elandelayo futhi kufanele ibokale bha ebhodini elinganethwa eliseSizeni Esiphezulu:

5.5.1. Igama Lenkampani Yenethiwekhi;

5.5.2. Izinombolo Zocingo;

5.5.3. Iwebhusaythi;

5.5.4. I-ECNS, i-ECS Nenombolo Yelayisensi (uma idingeka);

5.5.5. Imininingwane yokuxhumana neNhlangano; kanye

5.5.6. Nophawu lweNhlangano.

5.6. AmuLungu akhuthazwa nokuba afake le minininingwane elandelayo ebhodini elinganethwa eliseSizeni Esiphezulu:

5.6.1. UMuntu / uMnyango Wokuthintwa Maqondana NeSiza Esiphezulu;

5.6.2. Incazelo YeSiza Esiphezulu;

5.6.3. Imininingwane yokuthola iSiza Esiphezulu nge-GPS;

5.6.4. Uhlu lwawo wonke ama-Eriyeli Omsakazo asetshenziswa eSizeni ngasinye Esiphezulu, nezinombolo zohlobo olugunyaziwe;

5.6.5. I-*gain,* i-*polarity,* nobubanzi bemisebe yama-eriyeli nama-eriyeli ayimigogodla;

5.6.6. Uhlu lweziteshi ezisetshenziswa esizeni ngasinye.

6. Ukusetshenziswa Kweziteshi Ezingenamalayisensi

6.1. AmaLungu, ngaphandle uma enelayisensi, avavuma ukulandela imiyalo ekhishwa yiZiphathimandla nokungeqi imigcele yeziteshi ezingenamalayisensi njengoba kushiwo eSijobelelweni B seMithetho Yomsakazo Ka-2010, echibiyelwe.

6.2. Noma yikuphi ukweqiwa kwemigcele yokusetshenziswa kwalezi ziteshi kuyobhekwa yiNhlangano njengecala elibomvu, futhi iLungu elonayo liyocelwa ukuba lilungise engakadluli amahora angu-24 noma lithathelwe izinyathelo zokuqondiswa kwezigwegwe okuhlanganisa nokubikela iZiphathimandla.

6.3. AmaLungu ayazibophezela ekuzisebenziseni ngokufanelekile iziteshi ezingenamalayisensi nokukhathalela abanye abazisebenzisayo. AmaLungu abuye futhi azibophezele ekuxazululeni

ngokukhulu ukushesha nangomoya omuhle noma yikuphi ukuphazamisana kwa yiziphi ezinye izingxabano zeziteshi.

7. Abathengisi Bemishini

7.1. AmaLungu angabathengisi bemishini kumele ahlezi ephethe amalayisensi asebenzayo noma izimvume ezikhishwe yiZiphathimandla eziwagunyaza ukuba enze lelo bhizinisi.

7.2. Bonke abathengisi bemishini kumele bahambisane neMiyalo yamuva yoHlobo Olugunyaziwe kanye neMiyalo Yokubhala Incazelo Yomshini.

7.3. Bonke abathengisi bemishini bayozibophezela ekudayiseni ama-Eriyeli Omsakazo ohlobo olugunyaziwe kuphela.

8. Ukuphepha

8.1. AmaLungu kumele, ngokwezinga okudingeka ngalo, alandele uMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini, Ongunombolo 85 Ka-1993.

8.2. Lokhu kumele kuhlanganise okulandelayo kodwa kungagcini kukho

8.2.1. ukuba bonke ochwepheshe abasetshenziselwa ukusevisa izinsika zomsakazo ezingaphezu kwamamitha angu-3 ukuphakama kuqikelelwe ukuthi banazo izintambo zokugibela ezigunyazwe yi-SABS nokuthi baqeqeshiwe emakhozini agunyaziwe okuqeqeshela ukusebenzisa izintambo zokugibela;

8.2.2. ukuqikelela ukuthi amathimba ahlezi akhiwa abantu okungenani ababili; kanye

8.2.3. nokubhalisela isinxephezelo sabasebenzi ngokwemigomo yoMthetho Wesinxephezelo Sabasebenzi kanye neminye imiyalo yakhona.

9. Ukuziphatha Ngokufanelekile Emsebenzini

9.1. Ekusebenzelaneni kwawo namakhasimende, namanye amabhizinisi nalapho esebenzelana wodwa, amaLungu kumele aziphathe ngokufanelekile, ngobunyonico nangendlela enengqondo.

9.2. AmaLungu kumele azibophezele ekuziphatheni ngokuvumelana nomthetho ngazo zonke izikhathi nokuba ahambisane nezimfuneko zomthetho futhi abambisane neZiphathimandla Zomthetho lapho kunesidingo esingokomthetho sokwenza kanjalo.

9.3. Akukho lutho kulolu Hlaka okumele luqondwe noma luchazwe njengolunezinsizakalo zebhizinisi ezingcono eLungwini elithile kunelinye futhi amaLungu anqatshelwe ngokuqinile emizamweni emibi yokusebenzisa izinhlinzeko zalolu Hlaka ukuze ngokuyinhloko athole lezo zinsizakalo.

10. IMigomo Evamile Yesivumelwano

10.1. AmaLungu kumele, uma kudingeka, abe neMigomo Evamile Yesivumelwano, okuhlanganisa

neNqubomgomo Eyamukelekayo (AUP), engatholakala kumawebhusaythi e yonke imininingwane nemigomo ethinta ubudlelwano bawo nabantu oku a ezinkonzweni zawo. Leyo Migomo Evamile kumele inikwe nanoma ubani ongase abe ikhasimende lenkonzo ngaphambi kokuqala kwanoma yisiphi isivumelwano senkonzo.

10.2. ISivumelwano SeMigomo Evamile kumele sibe nalokhu:

10.2.1. Ukuzibophezela kwekhasimende lenkonzo ekutheni ngeke kuthi lazi, lakhe, lilondoloze noma lisakaze noma yini engekho emthethweni noma liziphathe ngamabomu ngendlela engekho emthethweni ekusebenziseni kwalo izinkonzo zeLungu;

10.2.2. Ukuzibophezela ekutheni akukho mpahla ethikameza amalungelo okushicilela eyokwakhiwa, ikhangiswe, ishicilelwe noma ikopishwe yikhasimende lenkonzo, libe lazi;

10.2.3. Ukuzibophezela ekutheni amalungelo empahla engaphatheki yabantu besithathu ngeke athikanyezwe ngamabomu.

10.2.4. Ukuzibophezela ekutheni akasoze athumela noma agqugquzela ukuthunyelwa kwe-Spam.

10.3. IMigomo Evamile kumele iqukathe ilungelo leLungu lokususa noma yini esakazwa yilelo Lungu uma liyibheka njengengekho emthethweni noma lapho lithole isaziso sokuyisusa.

10.4. IMigomo Evamile kumele iqukathe ilungelo leLungu lokumisa noma lokunqamula izinkonzo zanoma yiliphi ikhasimende lenkonzo elingahambisani nelezi zibophezelo noma ezinye izibophezelo zesivumelwano.

11. Amazinga enkonzo

11.1. AmaLungu angahlinzeka noma athembise ngamazinga enkonzo afinyelelekayo ngokwemithetho yomkhakha eyamukelekayo, ulwazi lomsebenzi, indawo lapho izinkonzo kumele ziyiswe khona kanye nezinye izingqinamba ezingavela.

12. Ukulawulwa kwalokho okusakazwayo

12.1. Akukho sibophezelo esivamile kunoma yiliphi iLungu sokuqapha izinto ezisakazwa akhasimende enkonzo yalo, ngaphandle uma njengoba kusho umthetho waseNingizimu Afrika, kodwa iLungu libophekile ukuthatha isinyathelo uma kwenzeka lizithela kokuthile noma ekuziphatheni okungekho emthethweni.

12.2. ILungu akumele ukuthi lithi lazi lisakaze noma lihlinzeke ngamalinki ezinto ezisakazwayo ezingekho emthethweni, ngaphandle uma ukwenza kanjalo kuyimfuneko yomthetho, noma liziphathe ngendlela engekho emthethweni.

12.3. Uma iLungu liba nolwazi ngokuziphatha noma ngezinto ezisakazwayo ezingekho emthethweni kumele limise noma linqamule inkonzo yekhasimende lezinkonzo zalo futhi libike lokho kuziphatha noma lezo zinto ezisakazwayo eZiphathimandleni Zomthetho ezifanelekile.

13. Ukuvikelwa kwamakhasimende

13.1. AmaLungu azibophezele ekusebenzeni ngokwethembeka nangobuqotho.

13.2. AmaLungu kumele ahambisane nayo yonke imithetho nemiyalo eyimpoqo ekukhangiseni.

13.3. AmaLungu ayazibophezela emikhubeni emihle yamakhasimende futhi, ngaphandle kokubeka imingcele kulokhu osekushiwo, ayazibophezela

13.3.1. ukuqapha inethiwekhi yawo yezokuxhumana, amahora angu-24 ngosuku, isinsuku ezingu-7 ngesonto;

13.3.2. ukuhlinzeka isikhungo sokusebenza kwenethiwekhi noma umnyango wosizo;

13.3.3. ukuveza konke obala ngokuqondene nezinkonzo zawo azihlinzekayo; okuhlanganisa

13.3.3.1. ubunikazi bemishini;

13.3.3.2. ukuqashwa nokukhokhelwa kwemishini;

13.3.3.3. inqubomgomo yokuphindiselwa kwemishini nezinqubo zokukhansela;

13.3.3.4. inqubomgomo ngamawaranti emishini;

13.3.3.5. inqubomgomo ngemishini ehambayo yamakhasimende;

13.3.3.6. izinqumo zokuhoxisa;

13.3.3.7. ukubhaliswa kwamagama ama-*domain;*

13.3.4. ukuhlinzeka ngezindlela ezigculisayo zokuxazulula iZikhalazo.

14. Ukuvikelwa Kweminingwane Eyimfihlo

14.1. AmaLungu kumele alihloniphe ilungelo elingokomthethosisekelo labantu abasebenzisa i-Inthanethi ngokuqondene nemininingwane yabo eyimfihlo kanye nokuba yimfihlo kwezingxoxo zabo.

14.2. AmaLungu akumele asebenzise imininingwane yaBanikazi Bemininingwane ngaphandle kwalapho ezoyisebenzisela wona kuphela noma ethole kusengaphambili imvume ebhaliwe yoMnikazi Wemininingwane.

14.3. AmaLungu kumele ahloniphe ubumfihlo beposi nemiyalezo ye-elekthroniki.

14.4. AmaLungu kumele adalule imininingwane eyimfihlo lapho kuphela ebophekile ukuba enze kanjalo ngokwemigomo yomthetho noma enemvume ebhaliwe ayithole kusengaphambili kuMnikazi Wemininingwane.

14.5. Akukho lutho kulolu Hlaka Lokuziphatha okumele luqondwe noma luchazwe njengoludinga noma yiliphi iLungu ukuba lihlinzeke ngemininingwane okungukuthi, empeleni, iyimfihlo noma ithinta ibhizinisi ngaphandle kokuba lelo Lungu lithole into ebhaliwe mayelana nokuvikelwa kwaleyo minininingwane.

15. Ukuvikelwa Kwamalungelo Okushicilela Nempahla Engaphatheki

15.1. AmaLungu kumele ahloniphe amalungelo empahla engaphatheki yamakhasimende ezinkonzo zawo nawabantu besithathu futhi akumele awathikameze azi lawo malungelo.

16. Ukuvikeleka kwi-Spam

16.1. AmaLungu akumele athumele noma agqugquzele ukuthunyelwa kwe-Spam futhi ayothatha izinyathelo ezinengqondo ekuqinisekiseni ukuthi akukho muntu owasebenzisela leyo njongo amanethiwekhi awo.

16.2. AmaLungu kumele ahlinzeke ngesikhungo sokusingatha izikhalazo nge-Spam esivela kumanekhiwekhi awo futhi kumele azisingathe ngokushesha izikhalazo azitholayo.

17. Ukuvikelwa kwezingane

17.1. AmaLungu ayothatha izinyathelo ezifanelekile zokuqinisekisa ukuthi akukho nkonzo ayiyisa ezinganeni ngaphandle kwemvume ebhaliwe evela kubazali noma abaqaphi bengane.

17.2. AmaLungu ayavuma ukunikeza labo abasebenzisa i-Inthanethi imininingwane ngezinqubo, izimpawu zalokho okusakazwayo, ukuhlunga nezinye izinhlelo zobuchwepheshe ezingasetshenziselwa ukulawula nokuqapha izingane.

17.3. Izinhlinzeko ezingenhla azisebenzi lapho inkonzo yeLungu isetshenziswa yizinkampani engenazingane ezisebenzisa i-Inthanethi.

18. Ubugebengu Base-Inthanethi

18.1. AmaLungu ayothatha izinyathelo ezifanelekile zokuvimbela ukungena kwabantu abangagunyaziwe, ukuthikameza, noma ukuphazamisa i-*data* kumanethiwekhi awo nalawulwa yiwo.

19. Inqubo Yezikhalazo Nokuqondiswa Kwezigwegwe

19.1. INhlangano isungule iNqubo Yezikhalazo Nokuqondiswa Kwezigwegwe engasetshenziswa amaLungu, amakhasimende ezinkonzo zamaLungu nabantu besithathu, futhi amaLungu ayavuma ukuboshwa yileyo nqubo nokuyisebenzisa.

19.2. Ikhophi yeNqubo Yezikhalazo Nokuqondiswa Kwezigwegwe ishicilelwe naku-www.wapa.org.za.

19.3. AmaLungu kumele azibophezele ekutholeni nasekuphenyeni iZikhalazo ngaphandle uma lezo Zikhalazo zingamancoko, zingenangqondo, zingekho noma zinezisusa ezimbi.

19.4. AmaLungu kumele enze yonke imizamo efanelekile yokuxazulula iZikhalazo ngokuvumelana nenqubo yawo yezikhalazo. Uma iSikhalo singenakuxazululeka phakathi nesikhathi esibekwe enqubweni yamaLungu ngeZikhalazo, iSikhalazo singadluliselwa eNhlanganweni ukuze yenze isinqubo.

19.5. Inqubo yamaLungu ngezikhalazo kumele ibe nobude obamukelekayo besikhathi sokusingatha iSikhalazo.

19.6. AmaLungu kumele alandele uHlaka Lokuziphatha, iNqubo Yezikhalazo a Kwezigwegwe kanye nezinqumo zeNhlangano.

19.7. Inqubo yamaLungu ngezikhalazo kumele ikuvumele ukuthunyelwa kweSikhalazo ngqo eNhlanganweni uma kwenzeka iLungu liphula isimiso salolu Hlaka Lokuziphatha noma lingahambisani nalo.

19.8. INhlangano ingase iyise noma yisiphi iSikhalazo eLungwini elibandakanyekayo ukuze kutholwe isisombululo.

19.9. INhlangano kumele igcine amarekhodi azo zonke izinqubo zokuqondiswa kwezigwegwe iminyaka engu-3.

20. Ukuqashelwa Kokulandelwa Kwemithetho

20.1. AmaLungu kumele athumele umbiko eNhlanganweni ngazo zonke izinyathelo ezithathiwe ngenxa yesaziso sokususa into esakazwayo phakathi nobude obufanelekile besikhathi ngemva kokufakwa kwesasizo sokususa into esakazwayo.

20.2. AmaLungu kumele athumele isitatimende saminyaka yonke eNhlanganweni esiqinisekisa ukulandela kwawo lolu Hlaka Lokuziphatha.

20.3. INhlangano inelungelo lokuphenya ukuziphatha nokulandelwa kwalolu Hlaka Lokuziphatha kwamaLungu ayo ngaphandle kokucelwa nokuba ithathe izinyathelo zokuqondisa izigwegwe uma kudingeka.

21. Izimfuneko zemininingwane

21.1. AmaLungu kumele aphanyeke ngokugqamile uphawu lobulungu beNhlangano ngokohlelo nangendlela enembile futhi kumele afake ilinki yoHlaka Lokuziphatha kumawebhusaythi awo.

21.2. AmaLungu kumele azise amakhasimende nezivakashi zawo kumawebhusaythi awo ukuthi iLungu lingaphansi kwezibopho zalolu Hlaka Lokuziphatha.

21.3. AmaLungu kumele ahlinzeke ngemininingwane egcwele yokuzazisa kumawebhusaythi awo, okuhlanganisa kodwa kungagcini lapho, igama abhaliswe ngalo, imininingwane yokuxhumana nawo nge-elekthroniki, ikheli lendawo kanye nezinombolo zocingo nezefeksi.

22. Inqubo yokususa into esakazwayo

22.1. INhlangano isungule iNqubo Yokususa Into Esakazwayo ngokuvumelana neSahluko XI SoMthetho We-ECT. Ikhophi yale Nqubo Yokususa Into Esakazwayo ijotshelelwe lapha yabe isiqanjwa ngokuthi Isijovelelo A kanti futhi ishicilelewe ku-www.wapa.org.za.

22.2. Wonke amaLungu ayavuma ukuboshwa yile Nqubo Yokususa Into Esakazwayo nokuyisebenzisa.

22.3. AmaLungu kumele azisungulele ezawo izinqubo zokususa izinto ezisakazwayo ezephula

umthetho, futhi asheshe asabele lapho ethola isaziso sokususa into ethile esak

22.4. AmaLungu kumele amarekhodi azo zonke izaziso azitholayo zokususa into esakazwayo awagcine isikhathi esiyiminyaka emithathu (3) ngaphandle uma kuwukwephula umthetho ukuba nento enjalo.

22.5. AmaLungu kumele, phakathi nobude obuzwakalayo, ahlanganise umbiko bese ewuthumela eNhlanganweni ngokuqondene nazo zonke izinyathelo ezithathwe yiLungu ekusabeleni kwalo esazisweni sokususa into esakazwayo.

22.6. ILungu ngalinye kumele liqoke iNhlangano njengommeleli walo wokwamukela izaziso zokususa into esakazwayo ngaphandle kwalapho lelo Lungu laliqoke phambilini enye inhlangano noma i-IRB ngengommeleli walo ukuba yenze lokho futhi liyilethile eNhlanganweni incwadi efakazela lokho.

22.7. AmaLungu kumele afake ilinki yeNqubo Yokususa Into Esakazwayo kumawebhusaythi awo.

23. Ukubuyekezwa nokuchitshiyelwa koHlaka Lokuziphatha

23.1. INhlangano iyoba nelungelo lokubuyekeza lolu Hlaka Lokuziphatha ngezikhathi ezithile ukuze iluchibiyele lapho kudingeka, okuyoncika ekubikweni kwalezo zichibiyelo kuNgqongqoshe walapho iNhlangano ibhaliswe khona njenge-IRB.

23.2. Izichibiyelo ezenziwe ngokufanelekile ziyowabopha wonke amaLungu.

24. Izindaba Zokusebenza

24.1. INhlangano kumele yakhe futhi ilondoloze iwebhusaythi umphakathi ozokwazi ukuthola kuyo okungenani izinto ezilandelayo:

24.1.1. uhlelo lwamuva loHlaka Lokuziphatha kanye nomlando wezinhlelo;

24.1.2. uhlelo lwamuva lweNqubo YeNhlangano Ngezikhalazo Nokuqondisa Izigwegwe kanye nomlando wezinhlelo;

24.1.3. uhlelo lwamuva lweNqubo YeNhlangano Yokususa Into Esakazwayo kanye nomlando wezinhlelo;

24.1.4. uhlulu lwamuva lwamaLungu ENhlangano ngokwezigaba zawo kuhlanganise nemininingwane yokuxhumana kanye namalinki amawebhusaythi alawo maLungu;

24.1.5. ulwazi lokufundisa amakhasimende;

24.1.6. isikhungo seZikhalazo zamakhasimende.

24.2. INhlangano kumele igcine irekhodi eligcwele lazo zonke iZikhalazo ezibikiwe.

Uhlelo Lomlando

Uhlelo	Usuku lokwamukela	Usuku lokusebenza	Ukufushaniswa kwezibuyekezo

1.0	17 Novemba 2006		
1.1	25 Novemba 2006		
1.2	26 Novemba 2006		
1.3	01 Disemba 2006		
1.4	05 Disemba 2006		
1.5	08 Disemba 2006		
1.6	08 Januwari 2007		
1.7	02 Febhruwari 2007		
2.0	5 Mashi 2007		
2.1	9 Mashi 2007		
2.2	12 Mashi 2007		
3.0	21 Septhemba 2011	21 Septhemba 2011	
4.0	12 Sephtemba 2012	12 Septhemba 2012	
4.1	2 Ephreli 2014	2 Ephreli 2014	

ISijobelelo A – INqubo Yokususa Into Esakazwayo

INgxenye 77 YoMthetho We-ECT yendlala indlela engokomthetho yezaziso zokususa into esakazwayo ngendlela elandelayo:

"77. (1) Ngokwezinjongo zalesi Sahluko, isaziso sento eyenzekayo engekho emthethweni kumele sibe esibhaliwe, kumele sithunyelwe yilowo okhalazayo kumhlinzeki wenkonzo noma kummeleli wakhe oqokiwe futhi kumele sibe nalokhu

a. amagama aphelele nekheli eliphelele lalowo okhalazayo;
b. isignisha ebhaliwe noma ye-elekthroniki yalowo okhalazayo;
c. into ebonisa ilungelo okuthiwa liphuliwe;
d. into ebonisa lokho okwenzekayo okuthiwa akukho emthethweni;
e. isinyathelo sokulungisa okudingeka sithathwe ngumhlinzeki wenkonzo ngokuqondene neSikhalazo;
f. imininingwane yokuxhumana ngocingo noma nge-elekthroniki, uma ikhona, yalowo okhalazayo;
g. isitatimende sokuthi okhalazayo unezinhloso ezinhle;
h. isitatimende salowo okhalazayo sokuthi imininingwane esesazisweni sokususa into esakazwayo iyiqiniso futhi inembile ngokolwazi lwakhe; nokuthi

(2) Noma ubani ofaka isaziso ngento eyenzekayo engekho emthethweni kumhlinzeki wenkonzo ebe azi ukuthi sigwija amaqiniso, uyothwala umonakalo wokususwa kungafanele kwaleyo nto esakazwayo.
(3) Umhlinzeki wenkonzo akacala ngokususwa kungafanele kwento esakazwayo ekulandeleni kwakhe isaziso."

INqubo Yokususa Into Esakazwayo echazwe ngezansi kumele ilandelwe yiwo wonke amaLungu ENhlangano lapho ethola isaziso sokususa into esakazwayo noma ebona isasizo esibonakala njengesazizo sokususa into esakazwayo.

Ekutholeni Isaziso

1. Ikhophi yesaziso sokususa into esakazwayo esitholwe ngqo yiLungu kumele sithunyelwe e-info@wapa.org.za engakapheli amahora angu-24 isaziso sifikile.

Ubude Bezikhathi Okumele Bulandelwe

2. Ubude bezikhathi obulandelayo buyolandelwa enqubweni ebekwe ngezansi:
   2.1. Uphenyo lokuqala: 2–4 wezinsuku zokusebenza kusukela ngosuku iNhlangano eyathola ngalo isaziso sokususa into esakazwayo;
   2.2. Ukuhlaziywa kwamaqiniso: 1–3 wezinsuku zokusebenza kusukela kuphothulwe uphenyo lokuqala;
   2.3. Ukuvuma isaziso sokususa into esakazwayo: 1–2 wezinsuku zokusebenza kusukela kuphothulwe ukuhlaziywa kwamaqiniso;
   2.4. Ukuhlaziywa kweMpendulo YeLungu: njengoba kubekwe ezingxenyeni ezifanele.

Uphenyo Lokuqala

3. Lapho iNhlangano ithola isaziso sokususa into esakazwayo, sitholwa yiyo ngqo noma sithunyelwe yiLungu, iyothatha izinyathelo zokuqala zokuphenya:
   3.1. ukuthi isaziso sokususa into esakazwayo siyiswe kummeleli weLungu oqokiwe yini;
   3.2. uma kunjalo, ukuthi ingabe isaziso sokususa into esakazwayo siyahambisana yini nezimfuneko zengxenye 77(1)(a)-(g) njengoba zibekwe ngenhla.

4. Lapho iNhlangano ingeyena ummeleli oqokiwe njengoba kushiwo engxenyeni 3.1 ngenhla, khona-ke

4.1. uma umnikazi wesaziso eyilungu leNhlangano, iNhlangano iyobe

4.1.1. seyithola ummeleli oqokiwe walelo Lungu bese isaziso sokususa ir isithumela kuye noma eLungwini ngokwalo; futhi

4.1.2. iyokwazisa lowo okhiphe isaziso sokususa into esakazwayo ("oKhalazayo") neLungu ngesinyathelo esithathiwe.

4.2. uma umnikazi wesaziso sokususa into esakazwayo engelona ilungu leNhlangano, iNhlangano iyobe seyazisa oKhalazayo ukuthi:

4.2.1. iNhlangano ayiyena ummeleli oqokiwe womnikazi wesaziso;

4.2.2. umnikazi wesaziso akalona ilungu leNhlangano; nokuthi

4.2.3. iNhlangano ayisenakwenza lutho ngalolo daba.

5. Lapho isazizo sokususa into esakazwayo singamgaguli umhlinzeki wenkonzo isaziso esibhekiswe kuye, iNhlangano iyothahta izinyathelo ezifanelekile zokuphenya ukuthi lowo mhlinzeki wenkonzo ongagagulwanga uyiLungu leNhlangano yini futhi iyothumela imiphumela yophenyo lwayo koKhalazayo. Uma kutholakala ukuthi umnikazi wesaziso uyiLungu leNhlangano, iyoqhubeka nokuthatha izinyathelo ngokwemigomo yengxenye 3 engenhla.

6. Lapho uphenyo lokuqala, ngokwengxenye 3.2 engenhla, lwembula ukuthi oKhalazayo akazange alandele ingxenye 77(1), khona-ke iNhlangano iyomazisa lowo oKhalazayo:

6.1. ukuthi isaziso sokususa into esakazwayo asigculisi;

6.2. ngezizathu eziqondile zalokho kungagculisi; nokuthi

6.3. oKhalazayo angasifaka esinye isaziso sokususa into esakazwayo ngemva kokulungisa lokho kungagculiseki.

Ukuhlaziywa Kwamaqiniso

7. Lapho iNhlangano igculisekile ngokuphelela nokufaneleka kwesaziso sokususa into esakazwayo esiphambi kwayo okungeseLungu LeNhlangano engummeleli walo, khona-ke iNhlangano–

7.1. iyohlaziya lokho okusakazwayo okukhishelwe isaziso sokuba kususwe ukuthi ingabe ngaleso sikhathi kungaphansi kokulawula kweLungu okubhekiswe kulo isaziso sokususa into esakazwayo yini;

7.2. iyohlaziya lokho okusakazwayo okukhishelwe isaziso sokuba kususwe ukuthi kuyinto engasuswa yini ngokwendlela efunekayo.

8. Lapho iNhlangano ingakwazi khona ukuhlaziya kahle zombili izingxenye 7.1 noma 7.2 ezingenhla, iyokwazisa oKhalazayo ngalokho.

Ukuvuma Isaziso Sokususa Okusakazwayo

9. Lapho iNhlangano seyigculisekile ngokuthi isaziso sokususa into esakazwayo sifanelekile,

9.1. iyothumela isaziso sokususa into esakazwayo eLungwini elifanele futhi ilicele ukuba libhale incwadi eshoyo ukuthi lisitholile iSikhalo, futhi

9.2. iyokwazisa oKhalazayo ukuth isicelo sokususa into esakazwayo samukel o nokuthi sithunyelwe eLungwini esibandakanyekayo ukuthi litha o esifanelekile.

Ukuhlaziywa Kwempendulo YeLungu

10. Lapho iNhlangano ithola isiqinisekiso esibhaliwe esivela eLungwini elibandakanyekayo noma izitholela yona isiqiniseko sokuthi into esakazwayo obekukhalazwe ngayo isisusiwe, iyobe seyazisa oKhalazayo ngalokho.

11. INhlangano kumele, uma kwenzeka ingasitholi isiqisekiso esivela eLungwini elibangakanyekayo sokuthi into obekukhalazwe ngayo isisusiwe nangemva kwamahora angu-48 okwenza okuthile ngokwemigomo yengxenye 9 engenhla, iyothatha izinyathelo zokuthola ukuthi ingabe leyo nto esakazwayo isusiwe yini noma cha.

    11.1. Uma leyo nto esakazwayo isusiwe, iNhlangano iyobe seyazisa oKhalazayo ngalokho.

    11.2. Uma leyo nto esakazwayo ingakasuswa, iyobhalela iLungu elibandakanyekayo ilicela ukuba lisheshe litshele iNhlangano ngezinyathelo elizithathile ngokuqondene nesaziso sokususa into esakazwayo.

12. Uma kungatholakali mpendulo noma ingengagculisi ngencwadi ethunyelwe ngaphansi kwengxenye 11.2 engenhla, khona-ke iNhlangano, ngemva kwamahora angu-48 iyithumele leyo ncwadi ngaphansi kwengxenye 11.2 engenhla, iyothinta ngocingo iLungu elibandakanyekayo ibuze ngezinyathelo ezithathiwe ngokuqondene nesaziso sokususa into esakazwayo.

13. Uma kwenzeka ukuthi into esakazwayo ekhishelwe isaziso sokuba isuswe ingakasuswa phakathi namahora angu-24 okuphothula isinyathelo esilindeleke engxenyeni 12 ngenhla, khona-ke iNhlangano iyokwazisa oKhalazayo ukuthi

    13.1. iLungu alithathanga sinyathelo ngokuqondene nesaziso sokususa into esakazwayo noma ukuthi liyenqaba ukuyisusa, kuye ngokwalokho okuyikonakona;

    13.2. oKhalazayo angafaka esinye iSikhalazo ngeLungu ngokwemigomo yoHlaka Lokuziphatha ENhlanganweni.